Platinum Isisekelo Solimi Ibanga 3 Incwadi Yokufunda

Maskew Miller Learning (Pty) Ltd
10 Freedom Way, Milnerton, Cape Town, 7441

© Maskew Miller Learning (Pty) Ltd 2025

Wonke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yalolushicilelo efanele yenziwe kabusha, ilondwe endaweni enokutholakala kuyo lula, noma idluliselwe phambili ngolunye uhlobo noma ngenye indlela ye-elekthronikhi, kusetshenziswa imishini, ngokwenza amakhophi, ngokuqoshwa, noma ngezinye izindlela, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yalowo onamalungelo alokho okushicilelwe.

Ukuthola imvume yokushicilela noma ukusebenzisa ingxenye yalencwadi, xhumana neqembu lamaLungelo nezimvume kule nombolo 021 532 6000 noma uthumele i-imeyili ku: rightsgranting@mml.co.za. Ukubika abaphula umthetho welungelomnikazi sicela uthumele umyalezo ku: copyright@mml.co.za.

Ishicilelwe ngowezi: 2025

ISBN: 978-1-834-95668-8
ePDF ISBN: 978-1-834-97867-3

Umshicileli ngu: Sphindile Mthethwa
Umhleli ophethe ngu: Nomcebo Mabuza
Ihlelwe ngu: Dr PSEH Tlou
Ikhava yencwadi yahlelwa yi: MML Visual Design
Umdwebo kwikhava yencwadi yi: MML Visual Design
Incwadi idizayinwe yi: MML Visual Design
Umdwebo ngu: MML Visual Design, M Amisi, CeekerArts
Ukuhlelwa kokuthayipha ngu: Rocket Design
Igaywe abakwa:

# Okuqukethwe

## Ithemu-1


**Umbhalo woku-1:**
Umuhle wena, awuzwanga na? ... 1

**Umbhalo wesi-2:**
I-robhothi lezimanga .................... 3

**Umbhalo wesi-3:**
Ungalilahli ithemba .................. 12

**Umbhalo wesi-4:**
Akuphelile ngami...................... 22

**Umbhalo wesi-5:**
Ikusasa lisezandleni zakho ........ 32


## Ithemu-2


**Umbhalo wesi-6:**
Inyosi evelele ................................ 34

**Umbhalo wesi-7:**
Siyazingela ukuqeda indlala .......... 42

**Umbhalo wesi-8:**
Ezisematheni ephephandabeni
iZuzu News .................................... 51

**Umbhalo wesi-9:**
Mhla ngivakashele kwamalume ..... 54

**Umbhalo we-10:**
UZuzu noFufu ............................... 62


## Ithemu-3


**Umbhalo we-11:**
ESandlwana ............................. 68

**Umbhalo we-12:**
Umkhulu Ndlwangule ovelele ... 78

**Umbhalo we-13:**
Umsakazo ozinkundlankundla .. 84

**Umbhalo we-14:**
Ukuguquka kukamabonakude .. 88

**Umbhalo we-15:**
Umshado wezinkawu ............... 95


## Ithemu-4


**Umbhalo we-16:**
Abangani badlala epaki ............. 102

**Umbhalo we-17:**
Uthi bewazi? .............................. 107

**Umbhalo we-18:**
Wamnandi ujusi kaMphathi! ...... 111

**Umbhalo we-19:**
Iphupho likaSisipho .................... 118

**Umbhalo wama-20:**
Iphupho likaMhlophekazi
noMhlengi ................................. 122

**Amagama amasha ......................... 128**

# Umuhle wena, awuzwanga na?

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ngabe ukhona osewake wakuncoma ukuthi umuhle? Ubani? Ake usixoxele.
2. Wazizwa unjani emva kokunconywa?

## Umuhle wena, awuzwanga na?

**Phimisa lo msindo:**

ngc no ngx

Ngcingci! Memeza kuzwakale,
Kugcwale umhlaba wonke.
Ingcebo yami ubuhle bami,
Ngenziwe ngobuchwepheshe.
Ngenziwe nguNgqondongqondo.
Ingxabo yami isemaphakadeni.
Umzimba wami muhle okwembali.
Ngihleka ngothotho lwamazinyo amhlophe okweqhwa.
Ukungcola ngiyakwenyanya,
Umzimba wami
ngiyawunakekela.
Ngiyiqhathanzipho,
angihlalwa mpukane
Ngihamba
ngokungangxothozi.
Ingxabano ayisiye
umngane wami
Ngimuhle. Ngiyathandeka,
Awuzwa na?





9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 1 2025/10/13 15:03

## Imibuzo ngemuva kokufunda

1. Ngabe le nkondlo inemigqa emingaki?
2. Yakha igama elisha ngokususa u-**mu** agameni "muhle" ufake u-**ba**.
3. Nikeza umugqa ube munye onomsindo **ngc** enkondlweni.
4. Nikeza amagama amabili anomsindo **ngx** enkondlweni.
5. Ngabe yini le enyanywa yimbongi kule nkondlo?
6. Ubuhle bomzimba bufaniswa nani kule nkondlo?
7. Zidwebe ukhombise ubuhle bakho.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 2 2025/10/13 15:03

# Irobhothi lezimanga

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

- Uyalazi irobhothi? Sixoxele.
- Ungathanda ukuba nesilwane noma irobothi? Kungani?



UZibalo ungungqondongqondo wezibalo, wayesebenza ukuqapha izingane. Lo ngqondongqondo yirobhothi elikwazi ukunakekela izingane ezineminyaka osukela kowodwa kuya kweyishumi. USilo noChwane izingane ezihlala noZibalo. Abazali balezi zingane babona kuyisu elihle ukuba bathenge lo ngqondongqondo ngoba isikole sikude. Le ngqinamba bayixazulula ngokuhlalisa abantwana babo noZibalo. UZibalo uzibiza ngesingqazu samarobhothi, uyakhuluma abuye enze izinto eziningi endlini. Ungqabashiya, agqishazele indlu yonke.

**Phimisa lo msindo:**

ngq

**ungungqongqondo:** ingcweti, unolwazi olujulile



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 3 2025/10/13 15:03


Izingane ahlala nazo kule ndlu kwakuwuChwane kanye noSilo oneminyaka eyisikhombisa. UChwane kwakuwumntwana wenkukhu oneminyaka eyisishiyagalombili. USilo yena ixoxo.

Abazali bakaSilo noChwane babesebenza kanzima ukondla imindeni yabo. Izingqinamba ezivelayo babhekana nazo ngqo ukuze bathuthukise impilo yezingane zabo. Bazibiza ongqondonqondo abancane. Abazali balezi zingane baqhamuka nesu lokwakhela abantwana babo indawo yokuhlala eseduze nesikole. Kwakhiwa indlu enhle ngengilazi. Le ndlu yafakwa nehhoko lezinkukhu ukuze uChwane ahlale ngenkululeko. Enye indlu yafakwa idamu lokubhukuda ukuze uSilo azizwe naye emukelekile. Basebephelile ukungqubuzana uma sebeya ezindlini zabo. "Kanti mina ngizohlala kuphi," kubuza uZibalo. "Wena phela uzosebenza," kuphendula umama kaxoxo ngokunengeka. Wayengathini uZibalo ngoba phela uthengiwe esitolo samaPakistani ngemali eshisiwe. Wathula, wadla amathambo engqondo. Wabona kumufanele ukuthi agxile ezintweni ezizothuthukisa ingqondo yezingane, ayeke okungamdingi.

Abazali bezingane bathenga ingqumba yokudla benzela ukuba izingane zabo zingasokoli. Kwakugcwele zonke izibilibico lezi ongazicabanga; wena makhekhe, wena



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 4 2025/10/13 15:03



nyama, wena yogathi, wena maswidi kanye neziphuzo ezehla esiphundu. Le nto yayidida omakhelwane ngoba kwakungabacaceli ukuthi konje lezi zilwane zizohlala kanjani nerobhothi. Lona irobhothi lizokwazi kanjani ukukhuluma nexoxo nechwane ngoba bakhuluma nezilimi ezingafani. UZibalo wayehlakaniphile kakhulu. Wayaziwa nje ukuthi akahlulwa yilutho. Wabona ukuthi kungakuhle afundise uChwane noSilo ulimi lwezandla. Wabona kuyithuba elihle leli njengoba ehlala nabo nje. UZibalo wayenza yonke into ethuthukisa ingqondo yabantwana. “Nina nidla kamnandi, kodwa mina dololo, sengizoyeka manje ukuniphekela,” kusho uZibalo. “Hhayi, bo! Wena uzodla kanjani? Wake walibona irobhothi lidla,” kubabaza uSilo. “Hhayi! Nami iyangixaka le nto, sekuzodla nerobhothi?” kubuza uChwane ehleka aze acwebe izinyembezi. “Kulungile-ke, ngizoke ngibone ukuthi nizophekelwa ubani,” kukhononda uZibalo.

“Iyaxaka le ndaba. Engathi kupheka wena Zibalo, awudli ngani?” kubuza uSilo.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indd 5 2025/10/13 15:03

**Phimisa lo msindo:**

dlw

“Udlala ngami impela wena Silo, ngizodla kanjani ngoba ngakhiwe ngensimbi,” kuzikhalela uZibalo. “Awu! Yini engathi awazi nje ukuthi upheka ukudla okumnandi,” kumangala uChwane. Wethuka uZibalo ezwa ukuthi upheka ukudla okumnandi. Nokho lokhu kwakumjabulisa kakhulu. Wazibona ebalulekile kakhulu. “Eyi! Kumnandi impela ukudla okuphekwa uwe Zibalo, ungasincisha esingaboni,” kuncoma uSilo. “Uyalishaya ibhodwe Zibalo, sisala sincinda iminwe,” kusho uChwane. “Abazali bayosifica singosituFuza,” kunanela uSilo. Wathula uZibalo ebona ukuthi uyaphuthelwa ubumnandi bokudla akuphekayo kwazise namuhla ubaphekele intandokazi yabo, isidlwadlwa.


“Kungakuhle siqale senze umsebenzi wasekhaya, angifune sidlwangudlwangu nomdlwembe la,” kugcizelela uZibalo. “Isidlwangudlwangu, umdlwembe, isidlwangudlwangu nomdlwembe?” kuphindaphinda uSilo exakekile. “Mina sengiyozela, Zibalo, kunganjani kengithi ukuthi cubaba kancane nje, ngizobuye ngivuke,” kuzikhalela uChwane ezingquphazelisa. “Lutho-ke, ayi malala la ungaphelile umsebenzi,” kubhoka uZibalo. “Niyazi futhi ukuthi angizwani nomdlwembe, wonke umuntu makenze umsebenzi,” asho egcizelela.

Bahlala-ke benza umsebenzi wasekhaya. Wamangala uZibalo ukuthi uChwane unomsebenzi omningi angawenzile. “Ubungawenzi ngani wonke lo msebenzi,

**isidlwadlwa:** ukudla okuphekwe ngomhluzi nempuphu



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 6 2025/10/13 15:03



ufuna ukuba yisidlwangudlwangu?" kubuza uZibalo. "Woza senze nazi izibalo, uthi lo mbuzo uma uphethe ikhulu lamarandi uthenge ngamashumi ayisithupha nanhlanu, uzosala namalini?" kufunda uZibalo. Abale uChwane "Mina ziyangehlula lezi zibalo" kukhonona uChwane. "Njalo wena Chwane uhlale unezinkinga nje, uzobala namuhla, uma kungenjalo ngeke ngikuphekele inyama yenkomo le oyithandayo," kusabisa uZibalo. "Ungakwenzi lokho, ngingamane ngingalali ngenza umsebenzi," kuzikhalela uChwane.

"Yini isidlwangudlwangu, Zibalo?" Kubuza uSilo edidwe amagama athi sidlwangudlwangu nomdlwembe. "Umuntu oziphatha budlabha, owenza okuphambene nokulunga." USilo wavuka ekuseni wageza njengenjwayelo. Kwenzeka okungajwayelekile namuhla, uChwane ulele akavukanga. Wazama ephindelela uZibalo emvusa kwanhlanga zimuka nomoya.

**Phimisa leli gama:** ABC


isidlwangudlwangu



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 7 2025/10/13 15:03

“Ngiyekeni mina ngiyehluleka ukufunda izibalo,” kusho uChwane. “Usuqale la maqhinga akho-ke wena Chwane.” “Umuntu uyaya yini esikoleni uma egula?” kubuza uChwane. “Musa ukudlala ngathi wena, sesizoqala ikilasi lapha ekhaya lokufunda izibalo,” kuthetha uZibalo. “Engathi ngikusizile wabhala ngokushesha, ugula kanjani kade ulibele ukuchofana nomakhalekhukhwini ebusuku ungalele?” kubuza uZibalo.

UZibalo uze wamphuca umakhalekhukhwini uChwane engalele edlala. Akuvukeki manje ekuseni ngoba



**yisidlwangudlwangu:** isiphoxi



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 8 2025/10/13 15:03

ubuthongo busambambile. Nayo ingubo uyazithandela uChwane. "Khumbula imali eningi ekhishwe abazali bakho ukuze ube nekusasa elihle," kululeka uZibalo. "UQinisile uZibalo, konke lokhu abazali bethu bacabangela thina, buka nje izinto abasenzela zona," kusho uSilo. "Vuka uzithathe, akekho ozokufundela," kusho uZibalo. "Mina ngiyagula, kungcono ngiye kwadokotela," kuzikhalela uChwane.


Ukungaziphathi kahle kukaChwane kwadala ingxabano phakathi kwabo bobabili. Kuthe esakhungathekile uZibalo ehlola isikhwama sikaChwane wathola ukuthi kunencwadi evela esikoleni. Kule ncwadi kwakubizwa umzali esikoleni. Seluze lwadlula futhi usuku ayebizwe ngalo umzali. Yingakho nje imambana ewuChwane ingafuni ukuya esikoleni. Iyalelwe ukuba ingezi esikoleni engekho umzali. "Le ncwadi bewuyoze unginike nini?" kubuza uZibalo. Avele aphubuke akhale uChwane. "Mina bengesaba ukuyiveza le ndaba, angifuni abazali bami baphatheke kabi," ezama ukuzihlangula uChwane.

Phela esikoleni umzali wayebizwa ukuba kuzokhulunywa ngendaba yakhe belu uChwane njengoba engawenzi ngendlela umsebenzi weZibalo. "Akusizi ngoba kuzodingeka agcine efikile umzali," kuphawula uZibalo.

**ukuzihlangula:** ukuzikhipha ecaleni



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 9 2025/10/13 15:03



Lukhale ucingo lukaZibalo, “Sawubona, nguZibalo lona, ngingakusiza?” kuphendula uZibalo. “Ngumama kaChwane okhulumayo, ngabe konke kuhamba kahle?” kubuza osocingweni. “Ye..ye..yebo!” kungingiza uZibalo. Phela naye uyesaba ukuveza amahlazo kaChwane. “Ungisize ubheke uChwane lowo angalibali ubuthongo, ngiyamazi uyazithandela ingubo, kazi wenzenjani eZibalweni. Angacabangi ukuthi njengoba elapho nje usehhotela,” kuqhubeka izwi ocingweni. “Yebo, ngimbheke ngeso lokhozi lowo,” kuphendula uZibalo.

UZibalo wayesabela ukuthi bangazithatha izingane zabo bese ephelelwa umsebenzi. Kungakuhle azame iqhinga lokulungisa le ndaba ingaze yonakale. Wabona ukuthi isu lokufundisa izibalo lizomsebenzela. “Ngicela bandla kube uwe ozongiyela esikoleni,” kuzincengela uChwane. “Ngizohamba kuphela uma ungitshela lonke iqiniso.

**ngeso lokhozi:** ngokuqapha okwengeziwe



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 10 2025/10/13 15:03

Angifuni ukufika laphaya ngibe yinhlekisa ngiye kuyozwa ngokuganga kwakho ube ungashongo lutho kimi," kusho uZibalo. Baya-ke esikoleni; uzibalo wathembisa ukuthi bazoba nekilasi leZibalo njalo ntambama. Lakhula ikilasi lasekhaya leZibalo ngoba nomakhelwane bazicelela ukuba uZibalo afundise izingane zabo.

## Imibuzo ngemva kokufunda

1. Ngabe sithini isihloko sale ndaba?
2. Balula umlingiswa abe munye otholakala kule ndaba.
3. Tomula igama elinomsindo **ngq** kule ndaba.
4. Tomula igama elinomsindo **dlw** endabeni.
5. Ngabe wayenguchwepheshe wani uZibalo?
6. Yiliphi igama elisha elakhekayo uma ususa u**lo**- ufaka u**bo**- egameni lonke?
7. Ngabe abazali bakaChwane bangabantu abakhathalele ikusasa lengane yabo? Sekela impendulo yakho?
8. Ngabe sifundo sini osithole kule ndaba?



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 11 2025/10/13 15:03

# Ungalilahli ithemba

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Qagela ukuthi le ndaba ngabe ixoxa ngani?
2. Ngabe sikhona isimo esingajabulisi osuke wabhekana naso?





9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 12 2025/10/13 15:03

**Phimisa umsindo:**

hlw

**Umlandi:** Intombazanya uKhwezi, wayeneminyaka eyishumi nanye. WayehIala nabazali bakhe endaweni yaseKhwezela. Abazali bakhe bashona engozini yemoto enyantisayo. Izinto zajika empilweini kaKhwezi wazithola esehlwempu ngenxa yesimo ayebhekene naso. Impilo yakhe yaba nzima kakhulu ngenxa yokuthi asikho isihlobo esasizimisele ukumthatha simkhulise. Wayehamba ehlala emizini yabantu aze ahlukumezeke, engatholi ngisho uhlweza lokuziphilisa.

Lapha ufika okokuqala endaweni ehlala izingane ezingenabani. Igama lale ndawo iseMhlwathi. U-anti Kwazi usonhlalakahle oneminyaka engamashumi amathathu nesikhombisa. UNgcebo yena intombazanyana eneminyaka eyishumi nantathu. UNgcebo uwusizo kakhulu kule ndawo.

**U-Anti Kwazi:** (*Kuma imoto ekade iyolanda ingane ezoqala impilo yayo ekhaya labantwana.*) Yikhona–ke lapha ekhaya lakho elisha Khwezi. Ngizobiza ozokutshengisa lapho uzolala khona. (*asho amemeze*) “Awuze ngapha weNgcebo!”

**UNgcebo:** Sengifikile, Nkosazana, kukhona engingakusiza ngakho.

**hlwempu:** ukweswela



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 13 2025/10/13 15:03

**U-Anti Kwazi:** Yebo. Nangu umngani omusha, ake umtshengise lapho ezohlala khona.

**UNgcebo:** Sawubona, mina nginguNgcebo wakwaNgcongca. (*asho emthatha ehamba naye*) Siyakwamukela Mhlwathi ikhaya labantwana, wena ungubani?

**UKhwezi:** NginguKhwezi, wakwaNgcobo, ekhaya yiseMaswidini. (*ehlwibila amakhala*)

**UNgcebo:** Khululeka Khwezi kusekhaya lapha, konke odinga ukukwazi, ngikhona ukukusiza.

**UKhwezi:** (*Echiphiza izinyembezi kuhlwa emini*) Ngiyezwa, sisi.

**UNgcebo:** Cha, cha, cha! (*etshengisa ukudumala*) Kuhle ungibize ngegama lami, nami ngifana nawe, futhi ngilingana nawe. Engathi ngithole umngani la kuwe, akunjalo? (*Amoyizele*)

**UKhwezi:** (*Aqale manje ancibilike uKhwezi*) Ngiyabonga, ukuthi nje akumnandi ukufika endaweni ongayijwayele.

**UNgcebo:** (*Ambuke ngeso lokuzwelana naye*) Ngiyezwa, umsebenzi wami ukukujwayeza le ndawo. Nami ngafika lapha ngesaba kodwa izeluleko engazinikwa osonhlalakahle zangenza ngashintsha umqondo, ngakhohlwa ubuhlungu engangifike nabo.

**Isho leli gama:**

kwahlwa



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indd 14 2025/10/13 15:03

**UKhwezi:** Ngiyabonga bandla. Ngiyethemba ngizojwayela, kuyethusa khona ukufika endaweni ongayejwayele kodwa sekungcubangconywana manje. (*Ayamjabulisa amazwi kaNgcebo*)

**UNgcebo:** Khululeka-ke ntombi, lapha kusekhaya wonke, umuntu wamukelekile. Sonke siyafana uma silapha. Akekho ongcono kunomunye. (*Ahlale phansi*)

**UKhwezi:** Unginika ithemba Sisi Ngcebo… (*Angaqedi ukukhuluma*)

**UNgcebo:** (Amngene emlonyeni) Hhayi …bo! Usukhohliwe yini, kumele ngifake umngcele emlonyaneni wakho? (*Bahleke bobabili*)

**UKhwezi:** Ngiyaxolisa. Ukuthi lapho bengihlala khona bekuthiwa mangibize yonke ingane yakhona ngosisi, ngisho nezincane kunami. (*Azizwe ephoxeka yisenzo sakhe*)

**UNgcebo:** (*Kukhale insimbi*) Ngiyakuzwa. Leyo nsimbi isho ukuthi sekuyisikhathi sokudla. Lapha-ke sisebenza ngesikhathi ngoba sibaningi; usazojwayela nabanye ozakwenu.

**UKhwezi:** Mina ngiyesaba ukubona abantu engingabazi. Kungcono ngimane ngihlale khona lapha ukuze ngingabi umhambuma (*Etshengisa ukungakuthokozeli ukuhamba*).

**UNgcebo:** Kungcono ngoba akekho ozokuhlupha lapha, izingane zalapha zinothando kabi. Ukuhloniphana yinto esifundiswa ngayo lapha. Inqobo nje uma nawe uzethemba. (*Ekhwashaza, ezikhwathaza ebheka ipeni.*)

**sekungcubangconywana:** akukubi njengoba bekulindelekile



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 15 2025/10/13 15:03

**UKhwezi:** Kuhle lokho, kumele sifunde ukuhloniphana ukuze wonke umuntu azazi ukuthi ungubani. (*Ekhweca isikhwama esibukhwebezane.*)

**Phimisa lo msindo:**
khw

**UNgcebo:** Uma siqeda ukudla sizoya kofunda isifundo engisithanda kakhulu esikhuluma ngokuzazi ukuthi ungubani. (*Anqekuzise ikhanda*) Ngiyazi uzosithokozela mngani wami.

**UKhwezi:** "Ngizoke ngizwe namuhla. Umuntu uzoke azazi kahle." (*Bahleke bobabili abangani abasha*).

**UNgcebo:** "Kusekuningi engizokutshengisa khona, usuku nosuku kumele senze okuthile ukuze kufezeke amaphupho ethu." Umemu uyaye athi, "khwishizela, usebenzise izikhwepha zakho, ushaye ikhwelo uxoshe ukhwantalala."

**UKhwezi:** "Hhayi! Mina angisenaphupho nje empilweni." (*Esho ngokulahla ithemba, ekhwabula inkulumo ebheka ekhwapheni.*)

*Nebala bahamba bayothamela isifundo sosuku behamba bekhwexela obhakha. Sibathola bexoxa emva kwesifundo*.

**UNgcebo:** Kukhona kodwa okuthandile emva kwesifundo sanamuhla? (*Ethi khwibishi emkhwesha embuka emehlweni*).

**umhambuma:** umuntu ozulayo



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 16 2025/10/13 15:03

**UKhwezi:** Yebo, kube sengathi kusuka inkungu kimi. Ngiyamangala ukuthi bengingazazi kangaka. (*Afake incwajana ayitholile ekhwapheni.*)

**UNgcebo:** Sibalulekile lesi sifundo, phela ngizwe kahle ukuthi ungaze ucabange ukuthi wena awunto yalutho, inebethoni yoqobo, kwasho umkhulu esalala kobandayo. (*Baphinde bahleke bashayane ngezandla.*)

**UKhwezi:** Ngichazeke sekuthiwa: 'Hambela phezulu uyintombhazane yakwenu ngoba kukhulu uMdali akubekele khona'. Kuhle ukuzazi ukuthi ungubani, ungakhwezi abantu ekhanda lakho. (*Usekhuluma ngokuzethemba manje. Uyabona ukuthi impilo yakhe izoshintsha manje).*

**UNgcebo:** Hhayi bo! Abanye abantu bakhuluma sengathi bafunda inhliziyo yomuntu. Uthathwephi ngempela lo sisi okhuluma kahle kangaka?

**UKhwezi:** Ngivele ngafisa ukuba abe umama wami lona.

**UNgcebo:** Hawu! Bakithi, wangizwisa ubuhlungu. Mina owami akasekho emhlabeni. Washona ngesikhathi sokhuvethe. (*Esho ngezwi eligcwele ukudabuka*) Owakho kwenzakalani kuye uma ungakuhlukumezi umbuzo wami?


**UKhwezi:** (*Ebamba izinyembezi aphinde akhwehlele*) Abazali bami badlula emhlabeni ngengozi yemoto. Lokhu kwenzeke onyakeni odlule.

**khwexela:** ukwenyusa okuthile



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 17 2025/10/13 15:03

(*UNgcebo uzama ngayo yonke indlela ukwenza uKhwezi akhohlwe asedlule kukho. Ulokhu ekhwishiza ezama ukujwayeza uKhwezi.*)




**Hlukanisa ngamalunga:**

ekhwishiza

**UNgcebo:** Kwakubi lokho, nokho kuzomele ukhohlwe okwakwehlela ubheke phambili manje. Ufike endaweni ekulungele-ke lapha ngoba kunochwepheshe abakwazi ukubuyisa ukuzethemba ezinganeni.

**UKhwezi:** Hleze kwenziwa ukuthi sengihlushwe kakhulu. (*akhwehlele*). Ngiyaxolisa.

**UNgcebo:** Lowo mkhuhlane, kumele sithole umuthi. Ayi-ke, sikhona nesikhathi sokudlala lapha. Yimuphi umdlalo owuthandayo? (*Asukume*)

**UKhwezi:** Mina kawukho umdlalo engiwuthandayo. Ngiye ngibone singekho isidingo ngoba ngihlala ngisebenza.

**UNgcebo:** Kuyisidingo ukuthi kube nomdlalo owenzayo. Thina esisebancane kuhle ukuthi sidlale.

**UNgcebo:** Abezempilo kade behlaba ikhwela lokuthi sizivocavoce ukuze sihlale siphilile.

**UKhwezi:** Ake ungitshele ngemidlalo ekhona, hleze kube khona engiwuthandayo.

**UNgcebo:** Sinebhola lezandla, elezinyawo, elombhoxo kanye nemidlalo enhlobonhlobo yasendlini. Eminye-ke edinga izikhwepha zomuntu, awufuni ukuba usozinyama?



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 18 2025/10/13 15:03

**UKhwezi:** Engathi mina ngizothanda eyasendlini. Kusuke kwenziwani dade?

**UNgcebo:** Ukuzivocavoca, amakhadi kanye nemidlalo yamagama.

**UKhwezi:** Ngizozama eminingana ukuze ngikhethe engizogxila kuyo.

**Ngcebo:** Nesikhathi sokuhlala phansi sixoxe sikhona. Ngiyazithandela-ke mina izindaba ezimnandi. (*Bahleke baze baqethuke embhedeni*)

**UKhwezi:** Pho zimnandi yini! (*Baphinde bahleke futhi besho uhleko lwezintombi zakwaZulu*)

**UNgcebo:** Hhayi, bo! Angikwazi ukungakubonisi ingadi yami. Ngazicelela kuSisi Kwazi ukuba ngenze ingadi. Lokhu kungenza ngilibale izinselelo umuntu abhekene nazo.

**UKhwezi:** Ayi! Uyisikhwishikhwishi bo! Engathi wenza izinto eziningi lapha.

**UNgcebo:** Abezengqondo bathi enye yezindlela yokuzelapha ukwenza imisebenzi emihle eyenza ukhohlwe izimo obhekene nazo.

**UKhwezi:** Ngiyazibonela nje ukuthi kuningi engizokufunda la. Umuntu uzoba sezintweni phela manje. Impilo iqala la.

**izikhwepha:** amandla omuntu




**Hlukanisa ngamalunga:**
ukuzivocavoca



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 19 2025/10/13 15:03

**UNgcebo:** Lapha unikwa ithuba lokuba ube uwena. Angazi noma uyangizwa yini? Ingane iba yingane la.

**UKhwezi:** Umuntu usezoke abe yingane la. Ngaze ngajabula. Sengizoba namaphupho nami. Hhawu! Labuya nakimi ithemba, bengingazi ukuthi kukhona nami engisengakwenza. (*Eqhilika izihlathi injabulo*)

(*Kungene u-anti Kwazi besaxoxa.*)

**U-Anti Kwazi:** Kuyajwayeleka kodwa Khwezi?

**UKhwezi:** Yebo, Nkosazane. Ungisize kakhulu ungixhumanisa noNgcebo, ngisho uSisi Ngcebo. (A*sho bahleke baze babukane noNgcebo.*)

**U-Anti Kwazi:** Ungasho ukuthi angikunakile, njengoba sewulapha nje ngizoba nesikhathi esiningi nawe. Ukuthi kulezi zinsuku ziningi izinto ezingidingayo.

**UKhwezi:** Kanti akudingi uzixake, ukhona umeluleki wami. (*Abuke uNgcebo*). Uyangisiza kakhulu.

**U-Anti Kwazi:** Kuzomele nilale manje mantombazane, kuyoze kuse nixoxa uma kunje. Ngiyamazi phela uNgcebo ubathanda kabi abantu. Uwumngane wawo wonke umuntu lapha.

**UNgcebo:** Amnandi lawo mazwi, engathi ungawaphinda kuze kuse. (*Bahleke bonke manje. Balungiselele ukulala.*) Ulale kahle anti.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 20 2025/10/13 15:03


## Imibuzo emva kokufunda

1. Sithini isihloko sale ndaba?
2. Ngabe le ndaba ikhuluma ngani?
3. Ubani umlingiswangqangi kule ndaba.
4. Ngabe yini le nkinga umlingiswa abhekene nayo?
5. Egameni kodwa yakha igama elisha ngokususa u-**ko** ufake u-**zo**.
6. Tomula amagama anomsindo **hlw** kule ndaba uwabhale encwadini yakho.
7. Ngabe amagama anomsindo **khw** atholakala kangaki kule ndaba?
8. Ngabe usonhlalakahle unaluphi usizo?
9. Yisiphi isifundo osithole kule ndaba?



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indd 21 2025/10/13 15:03

# Akuphelile ngami



**UThabang** Sawubona Fezeka. Wahamba wedwa? Kade ngikugcinile usaphila nje?

**UFezeka** Yebo Thabang, Ngiyaphila, unjani kodwa wena?

**Phimisa le misindo**

chw, klw



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 22 2025/10/13 15:03

| | |
|---|---|
| **UThabang** | Nami ngiyaphila, ukuxakwa imisebenzi eminingi sizama ubuchwabalalana. Impilo inezidingo ezininingi. |
| **UFezeka** | Impela umuntu umatasa, kuyachwaza kuya le nale. Kodwa, sibonga ukuphila nje. Uma inyama isahlangene nomphefumulo kukhulu lokho. |
| **UThabang** | Ayi! Izintaba azihlangani, abantu bayahlangana. Uyaphi ushesha kangaka nje? |
| **UFezeka** | Ngiya emsebenzini lapha echwebeni, kusile phela, ayikho inkomo yobuthongo. |
| **UThabang** | Ayi bo! Usebenza lapha echwebeni, kuphi? |
| **UFezeka** | Ngisebenza laphaya echwebeni ngakwaMasipala laphaya kwaMabhayiza. |
| **UThabang** | Izinhlanhla zabantu azifani bo! Wena wawuthola kanjani umsebenzi? |
| **UFezeka** | Ngafaka isicelo njengawo wonke umuntu, ngaya kulo inhlolokhono, kwaphuma imiphumela ngaqashwa. |
| **UThabang** | Mina ngiyaziphantela lapha emabhizinisini. |
| **UFezeka** | Kuyachwaza la asiphumele ngaphandle. Kade yagcinana, wena wenzani empilweni? |
| **UThabang** | Impela ntombi, kungakuhle kesihleke ezakudala, sihleke nezichwensi ezazisichwensa. |



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 23 2025/10/13 15:03



**UFezeka** Kuzofanele sike siphuze ikhofi ngelinye ilanga sikhumbule ezakudala.

**UThabang** Uwe lo engathi sewazilungela kanje. Ngikukhumbula kahle phela wena esikoleni. Wawuhlupha ukhuzwa njalo, uchwensa ubheke phansi.

**UFezeka** Sengakhula manje, ngiyintombi ezilungele nje, sekwaphela ukuqina kobungane.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 24 2025/10/13 15:03

**UThabang** Hhayi…bo! Ubani lo owabona umakoti kumaqinase?

**UFezeka** Sengaba yingelosi uqobo lwayo. Hawu! Buka umunwe wami, nansi indandatho, sengagana. Ukhuluma nonkosikazi womuntu nje.

**UThabang** Yebo! Kanti ulindeleni ngempela? Yiza nazo ngize nendlebe. Nika indlebe ukudla kwayo wena, uzobona.

**UFezeka** Uyathanda ngikutshele?

**UThabang** Uyabona, uyangibambezela manje. Yisho umkhwenyana wena ngilindile.

**UFezeka** Lungisa leyo ndlebe-ke, khipha amehlo phela ngoba uzothuka. NginguNkosikazi Wang.

**UThabang** Owakuphi lo muntu onesibongo esingajwayelekile? Akusiye owaseShayina nje?

**UFezeka** Owakhona, waze ngani? Bengithi uzothuka, noma uhleke.

**UThabang** Mhlawumbe ukufana kwezibongo. Ukhona engiyaye ngisebenze naye owuchwepheshe kwezamabhizisi? Sengiyobona esefika. Hleze umuntu engimaziyo.

**UFezeka** Kuyofanele umbone ngelinye ilanga, indoda emadodeni leyo.

**Phimisa le misindo**

klw

**Phimisa le misindo**

klw

**UThabang** Akunankinga Nkosikazi Wang.

**UFezeka** Uxolo, ngicela ukuphendula nantu ucingo olukhalayo.

**UThabang** Kuyofanele ngithole inombolo yakho yocingo ukuze sithintane. Mina phela ngithanda ukuxhumana nabantu njengoba ngisebhizinisini nje.

**UFezeka** Bekuwuye uMnumzane Wang, uthi uyeza uzongihlangabeza.

**UThabang** Kuhle-ke, ngizoke ngimbone lo muntu. Kungabi yilo engimaziyo-ke. Lo engimaziyo uyishiyile ingabade uthe klwi impela.

**UFezeka** Ziqoqe manje, kuza umnumzane. (*Encokola emuthi jeqe*)

**UWang** Sawubona, Nkosikazi, awu uxoxa noThabang.

**UThabang** Yebo, sazana kudala, sike senza ibhizinisi naye.

**UFezeka** Yebo, kanti uqinisile uma ethi cishe uyakwazi.

**UWang** Impela siyazana.

**UThabang** Ngishilo, aphi amanga ami?

**UFezeka** Awu! Angiyazi-ke mina lento.

**UThabang** Yebo, ningofakazi nina bokuthi siphila ezweni elikhululekile.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 26 2025/10/13 15:03



**UWang** Uqinisile, yingakho ngaganwa yilentombi.

**UThabang** Kunjalo impela. Kuhle ukubona izinhlanga ezahlukene zishadana.

**UFezeka** Bangimangalisa ekhaya ngoba bamamukela ngezandla ezimhlophe. Isho-ke, nihlanganiswa yini nomyeni wami?



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 27 2025/10/13 15:03

**UThabang** Kwakuhle lokho. UWang uye owayengicathulisa kwezamabhizinisi. Wayenesineke kabi. Sengiyisiklwibhisi manje ngenxa yemisebenzi yakhe.

**UFezeka** Awukaze ungithi fahla myeni wami, phela sasifunda naye uThabang.

**UWang** Awu! Baningi abantu engibasizayo, ngigcina ngingasabakhumbuli kalula abanye.

**UThabang** Ngeke ngizikhohlwe iziyalo zakhe. Phela ezweni labo bayaliphefumula ibhizinisi, bathi bezalwa nje bebe bedayisa. Ngiyasola baqala ngobisi lolu abaluncela ebeleni.

**UFezeka** Usuqalile-ke lezo odume ngazo. Uyoyeka nini kodwa ukubheda.

**UThabang** Sengiqale ibhizinisi lokudayisa amathoyizi okufunda nokufundisa izingane.

**UWang** Kuhle lokho, izimfundiso zami zangena. Ngiyathanda uma umuntu evukuza ithalente lakhe.

**UFezeka** Nami emva kokulimala engozini yemoto angizithambisanga, ngavuka ngazithatha.

**UWang** Impela niyisibonelo esihle kubantu abaphila nokukhubazeka.

**UThabang** Ukuphila nokukhubazeka akusho ukuthi ingqondo ayisekho.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 28 2025/10/13 15:03



**UFezeka** Mina ngahamba ngayofunda ngamakhono ase-ofisi, ngoba ngibona isimo sempilo yami.

**UThabang** Nami kwathi uma ngehlelwa isimo sokungaqashwa ngakhetha ukufunda ezamabhizinisi.

**UFezeka** Nami ngizothengela abantwana bami amathoyizi kuwe. Ngingalifaka manje i-oda.



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 29 2025/10/13 15:03

| | |
|---|---|
| **UThabang** | Impela, ukhona umbukiso la ezinkundleni zokuxhumana. Nazi lapha izimpahla engizithengisayo. |
| **UWang** | Kanti udayisa izimpahla ezinhle kanje. Uzithola kuphi lezi zimpahla? |
| **UThabang** | Emazweni ehlukene. Ezinye ziqhamuka khona eShayina. (*Useyasukuma uThabang ulungela ukuba indlela.*) |
| **UFezeka** | Itiye-ke? Klwiklwiza nansi inombolo kaWang. |
| **UWang** | Itiye lani leli enikhuluma ngalo manje? |
| **UFezeka** | Ubengethembise itiye ukuze sihleke izichwensi zasekukhuleni kwethu. Gcina isethembiso ndoda. |
| **UThabang** | Ayikho inkinga kulokho. Salani kahle mndeni wakwaWang. Nanguya noklwi wendoda yesiklwede semoto, iyoze ivalele imoto yami. |
| **UFezeka** | Uhambe kahle Thabang, uqaphele emgwaqeni ungagijimisi okweziklwibhisi ziklwenguka ngoncibijane. |

**klwenguka:** ukudabuka ngamawala



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 30 2025/10/13 15:03

## Imibuzo ngemva kokufunda

1. Le ndaba yenzeka kuphi?
2. Tomula igama elilodwa elinomsindo **dlw** kule ndaba.
3. Tomula igama elilodwa elinomsindo **klw** kule ndaba.
4. Yakha igama elisha egameni khipha ngokukhipha u-**khi** egameni ufake **yi**.
5. Ngabe usebenza kuphi uFezeka?
6. UWang ngabe uhlobene kanjani noFezeka?
7. UThabang wazana kanjani noWang?
8. Yini oyifundile kule ndaba?



9781834956688_plt_lan_g03_rd_zul_za.indb 31 2025/10/13 15:03